
# UMmeli nomndeni wakhe

## Imibuzo ngaphambi kokufunda

1. Bukani izithombe bese niqagela ukuthi indaba izobe ikhuluma ngani.
2. Ingabe le ndaba yenzeka kuyiphi indawo ngokubona kwakho?

UMmeli wabuza ugogo wakhe wathi, "gogo ubani owusizo kakhulu lapha ekhaya nguwe noma umkhulu?"

EXTRACT PAGES



Ingabe baphathwa amehlo noma bahlobile laba abafake izibuko esithombeni? Kungani uMmeli ebuza lo mbuzo?



Wababuza ugogo ukuthi bona bacabangani? Babala. Ugogo wababonga abazukulu ngokunaka kwabo izinto ezinhle.

Ucabanga ukuthi iziphi izinto ezabalwa abazukulu?

Ugogo wajabula ezwa okwakushiwo abantwana wabe esethi uzobanika ithuba lokuxoxa ngomuntu olusizo emphakathini.


EXTRACT PAGES

Ugogo wathi uzobanika ithuba lokwenzani? Ngubani umuntu olusizo emphakathini omaziyo?

Ugogo nomkhulu babeka amatafula amabili, bawahlela kahle. Ugogo wathi abaxoxe ngabantu abalusizo. Ozoba namaphuzu amaningi uzoklonyeliswa. Wavula inkundla uNtokozo, wangena noqwembe olubhalwe ukuthi iphoyisa.




Ngabe ugogo ubafundisani abantwana kule ndaba? Uzokwenziwani onamaphuzu amaningi?

Lwaqhubeka kanjalo usuku bethula inkulumo. Ugogo wayejabule ukubona imisebenzi ecatshangwa abazukulu bakhe.



EXTRACT PAGES

Ibaphi abanye abantu ababalulekile ongabacabanga? Sixoxele ngabo.

# UNsikelelo

## Imibuzo ngaphambi kokufunda

1. Ingabe le ndaba yenzeka kuyiphi indawo ngokubona kwakho?
2. Ake niqagele ukuthi le ndaba iyophetha kanjani?

Lo mfanyana uhlala nomama wakhe. Uyiqhawe ngoba usala yedwa emini ngenkathi umama wakhe esemsebenzini. Uyaqinisekisa ukuthi uhlala ephephile.

EXTRACT PAGES



Ungumfana onjani uNsikelelo?



EXTRACT PAGES

Uyaqinisekisa ukuthi umsebenzi wesikole uyawenza. Uwasha amasokisi esikole, bese epholisha izicathulo. Wenza imisebenzi yasekhaya ngaphambi kokudlala.

Ingabe akesabi yini ukusala yedwa uNsikelelo? Uqinisekisa ini uNsikelelo?

Hawuuu! Ngibe matasatasa kakhulu ekuseni ngaze ngakhohlwa isikhafutini sami phezu kwetafula!



EXTRACT PAGES

Ukhohlwe yini uNsikelelo ekuseni? Kungenzeka ukuba abangani bakhe bamuphile?




EXTRACT PAGES

Lo mfana unabantu abamukhathalelayo. Bheka wehlelwe umshophi kodwa bangenelela. Ngelinye ilanga ephuma esikoleni uNsikelelo wadatshukelwa isicathulo sakhe.

Ukhona ongakusiza uma uvelelwa umshophi endleleni ebuya esikoleni? Yini eyehlele uNsikelelo endleleni?

UNsikelelo uma edlula, umalume uMagwaza wathi kuye, “khipha lezi zicathulo uzilethe lapha.” Wamusheshisela wasithunga isicathulo esidabukile, wakwazi ukuqhubeka aye esikoleni.



EXTRACT PAGES

UNsikelelo ubonakala eyingane enenhlonipho futhi elalelayo. Ngabe uyavumelana nalokhu? Chaza.


EXTRACT PAGES

Wamamatheka uNsikelelo ejabulela ukuthi noma engafika emva kwesikhathi esikoleni kodwa uzofika. Kumnandi ukuba nabantu abakwesekayo.

Yini ejabulise uNsikelelo? Wena wake wadatshukelwa yini isicathulo esikoleni? Wenze njani?